ISOLEZWE NGESONTO PAGE 18 19 July 2015




**UNKK Clementine Mzizi waseMzimkhulu ofuya iziklabhu ezikhiqiza iwuli, uthe sekubalwa izinyanga ngaphambi kokuthi baqale ukugunda iziklabhu** Isithombe: SITHUNYELWE

# Bayazenzela abesifazane abafuyile baseMzimkhulu

**PHILI MJOLI**

KUYAMSIZA ukuzibambela mathupha owesifazane waseMzimkhulu obambisene nabanye ebhizinisini lokudayisa uboya beziklabhu.

UNkk Clementine Mzizi waseMzimkhulu (61) weLourdes Area Wool Growers, ungumfuyi odayisa ngoboya ofuye iziklabhu ezingu-35. Uthe ukukwazi ukuzenzela umsebenzi kusiza ngokuthi uma ephoxwa ngabantu abathembile ukuthi bamlekelele akehluleki ukuzenzela.

Uthe waqala ukufuya iziklabhu ngo-1989 ngaleso sikhathi babengomama abayishumi. Babefuya iziklabhu ezijwayelekile, ngokuhamba kwesikhathi bashintsha bafuya uhlobo olubizwa ngeMerino.

"Isimo sezimali ngaleso sikhathi sasingesihle kithina sonke, sasifuna into ezosingenisela imali kodwa okungadingeki ukuthi sibe nemali eningi yokuqala. Besithenga izinkunzi zeMerino kancane kancane sagcina sesifuya yona sonke," kusho yena.

Uthe kubalulekile ukuthi umfuyi abhale phansi imininingwane yeziklabhu zakhe ukuze azi ukuthi yiziphi okumele zidayiswe ngalowo nyaka. Iziklabhu ezineminyaka emithathu ziyadayiswa ngoba zisuke zingasakulungele ukukhiqiza uboya.

"Ngesikhathi siqala umsebenzi besingawuzwa kakhulu ngoba izingane zethu bezikhona ziselekelela uma kufanele sijove, noma siphuzise iziklabhu imithi ngisho noma sekumele zigundwe. Kuqale ukuba nzima umá isibalo seziklabhu sesanda nezingane zethu sezihamba ziyofuna imisebenzi emadolobheni," kuchaza yena.

Ngaleso sikhathi uthe kwakungasekho ukuthi angayeka ngoba nemali yoboya bese iqala ukuba ngconywana.

"Akekho umama ongakwazi ukugunda isiklabhu, ukusijova noma ukuselapha uma kwenzeka zihlaselwa yizifo. Sonke siyazi ukuthi uma kuzalwa izinyane kumele ulinakekele kanjani lize lifike esigabeni sokuthi ligundwe. Phakathi kwethu kunomama asebeneziklabhu ezingu-300 ngoba siyazimisela," kusho yena.

Phakathi kukaNovemba noJanuwari, uthe basuke begunda uboya bebuhluza kahle ngezigaba zabo bese benziwa amabheyili.

Izingubo ezenziwe ngoboya beMerino zintofontofo kanti akuthi uma buhlangana nesikhumba bulume. Ingubo eyenziwe ngalolu hlobo loboya iyawumunca umjuluko oseduze kwakho ungalizwa iphunga.

"Ngeke ukholwe ukuthi sisaqala kwakunzima ukuhlanganisa ibheyili, sasilihlanganyela sibaningi uma sekufike imali sisale nobala ngoba sasineziklabhu ezimbalwa. NgoJanuwari kuqondana nokuthi abanye bethu basuke behlakula ngoba sibuye silime ummbila. Ngenhlanhla ukugunda kuqala kusavalwe izikole sisebenzisa lelo thuba ukuqasha abafana abasilekelelayo."

Into ebaphazamisayo ukuthi ewadini abahlala kuyo awukafakwa ugesi basebezinsa isikere sesandla ukugunda iziklabhu.